

**NguMongameli  
uDieter F. Uchtdorf**  
UMeluleki wesiBili  
kubuMongameli bokuQala



# Konke Kulungile

**U**ma ngicabanga ngabacabi bethu, ezinye zezinto ezingithinta kakhulu ngabo ezifika engqondweni yami yiculo elithi “Come, Come, Ye Saints” (*Hymns*, no. 30). Labo abathatha loluhambo olude oluya esiGodini saseSalt Lake babewayele ukulicula leliculo ngesikhathi besendleleni.

Ngazi kahle ukuthi kwakungekule konke kulaba baNgcwele. Babewayele ukuhlangabezana nezinkathazo zokugula, ukushisa, ukukhathala, ukubanda, ukwesaba, indlala, ubuhlungu, ukungabaza, ngisho nokufa.

Kodwa nakuba babenaso isizathu sokuthi bathi, “Konke akulungile,” baba nomqondo sonke esiwazisayo namhlane. Bacabanga ngezibusiso zaphakade ezizayo kunezinkathazo zabo. Baba nokubonga esimweni ababekuso. Nakuba isimo ababekuso sasikuphikisa lokho, bacula ngokukhulu ukukholwa bethi, “Konke kulungile!”

Ukutusa labacabi akusho lutho uma kungenzi ukuthi nathi sizibheke. Ngizokhuluma ngezimbalwa izimilo zabo ezinginika intshisekelo uma ngicabanga ngokuzidela nokuzinikela kwabo.

## Ububele

Abacabi babenakekelana benganaki ukuthi omunye ukusiphi isimo. Babesizana ngisho noma babebambezeleka endleleni yabo, kuba khona ubulukhuni, noma kufanele umuntu azinikele yena uqobo.

Kulomhlaba wethu ogcwele ubandlululo, ukufuna ukufeza izinjongo zethu ngabanye kubalulekile

kunokunakekela abanye noma ukuqinisa umbuso kaNkulunkulu. Kulesikhathi esiphila kuso, ukubaluleka kwethu ngabanye kubonakala ngokuthi sikwazi kangakanani ukufeza izinjongo eziphatelene nesikholelwa kukho.

Ukuzibekela izinjongo nokuzifeza kungaba yinto enhle kabi. Kodwa uma impumelelo ekufezeni lezo zinjongo idala ukuthi abanye banganakwa noma baphathwe kabi, singalahlekelwa okuyigugu kakhulu kunaleyo mpumelelo.

Abacabi babeba nakekela labo ababehamba nabo, kodwa futhi babeba cabangela nalabo ababeba landela, betshala izimbewu ukuze kusizakale labo ababeza ngamakalishi ngemuva.

Babewazi amandla omndeni nabangani. Ngenxa yokuthi omunye wayethembele komunye, babehlangene kakhulu. Abangani baba ngabomndeni.

Abacabi bayisikhumbuzo kithi sokuthi yingani kungafanele sivumele isilingo sokuzehlukanisa nabanye, kodwa, esikhundleni salokho, sisondele kwabanye ukubasiza futhi sibe nozwelo nothando omunye komunye.

## Umsebenzi

“Wozani, wozani, nina abaNgcwele, ningakwesabi ukusebenza kanzima.”

Lomushwana waba yihubo kulabahambi abase bekhathele. Ngiyahluleka ukucabanga ukuthi kazi laba bantu babesebenza kangakanani. Ukuhamba phansi kwakulula kakhulu kubo. Kwakufanele balekelelane ngokudla, ukulungisa amakalishi, ukunakekela imfuyo, ukusiza

abagulayo nababuthakathaka, ukuthola amanzi, nokuzivikela emvuleni kanye nasemoyeni onamandla nobungozi basehlane.

Babevuka njalo ekuseni bekwazi kahle konke okwakumele bakufeze: ukusebenzela uNkulunkulu nabantu ababekanye nabo futhi nokuthi bafike esiGodini sase Salt Lake. Zonke izinsuku lezo zinhloso nezinjongo zabo zazi-bacacele; babekwazi kahle okwakufanele bakwenze futhi kwakubalulekile kubo ukuthi kuhlezi kukhona inqubekela phambili zonke izinsuku.

Esikhathini esiphila kuso-lapho konke esikufunayo kutholakala kalula-sisheshe silingeke ngokuthi siphonse ithawula uma kwenzeka indlela yethu ithanda ukuba nzinyana. Kulezo zikhathi, singathola inkuthazo uma singacabanga ngalawo madoda, abesifazane nabantwana abangazange bavumele ukugula, ubunzima, ubuhlungu, ngisho nokufa kubavimbele ekutheni bahambe kuleyo ndlela abase beyikhethile.

Labacabi bafunda ukuthi ukwenza izinto ezazi nzima kwakubenza baqine emzimbeni, emoyeni nasengqondweni; kwakwenza nolwazi lwabo lukhule ngokuphathele nokuthi bangabantu baNkulunkulu; futhi kwakwenza bakhule ekubeni nozwelo kwabanye. Lokhu kwabaqinisa futhi kwaba yisibusiso kubo kamuva uhambo lwabo selwaphela kudala.

### **Ithemba lokuhle okuzokwenzeka**

Ngesikhathi labacabi becula, babuye bazwakalisa ngesifundo sesithathu: “Kodwa hambani endleni yenu ngenjabulo.”

Kulesi sikhathi sethu kuwukuphambana okubabazekayo ukuthi sibusiwe kakhulu kangaka kodwa futhi sihlezi singajabule. Izimangaliso zentuthuko nokwanda kolwazi kuyasimangaza futhi kusinika ukulondeka, ukuzijabulisa, futhi kwenza impilo ibelula. Kodwa nakuba kunjalo sihlezi sibona abantu bengajabule.

Abacabi, abazinikela kakhulu, babelamba kakhulu. Babekwazi kahle ukuthi injabulo ayizi ngenxa yenhlanhla. Futhi ayizi ngisho noma zonke izifiso zethu zifezeka. Injabulo ayiveli ezintweni zangaphandle. Ivela ngaphakathi-noma ngabe kwenzekani lapho sikhona.

Abacabi babekwazi lokho, futhi babethola injabulo ngalowo moya kuzo zonke izimo ababekuzo nakubo bonke ubunzima ababehlangabezana nabo-ngisho nakulobo bunzima obabusinda kakhulu.

### **Ubunzima**

Kwesinye isikhathi siye sibheke emuva sibuke ubunzima abacabi ababedlula kubo bese sithi, “Ngiyabonga ngoba angizange ngiphile ngaleso sikhathi.” Kodwa ngiyazibuza ukuthi kazi labo bacabi ababenesibindi, ukuba babekwazi ukusibona namhlanje, ngabe babengezukulasho yini okufanayo.

Nakuba izikhathi nezimo sezishintshile, imigomo elandelwayo uma sibhekene nobunzima ngokunjalo nokuphila ndawonye njengabantu baNkulunkulu ayikashintshi.

Esingakufunda kubacabi wukholo nokwethemba uNkulunkulu. Singafunda ukuba nozwelo kwabanye. Singafunda ukuthi ukusebenza nokukhuthala kusibusisa ngokomoya nangokomzimba. Singafunda ukuthi injabulo ihlezi ikhona noma ngabe sikusiphi isimo.

Okuyiyona ndlela esingaba hlonipha ngayo futhi nesingababonga ngayo abacabi wukuphila ngokuthembeka ekugcineni imiyalelo kaNkulunkulu, wukuba nozwelo nokuthanda abanye abantu, ukukhuthala, wukuhlalela ethembeni, nokuba nenjabulo njengoba abacabi bakukhombisa lokho ezimpilweni zabo.

Ngesikhathi senza njalo, sizofinyelela kude kakhulu, sihambisane nalabo bacabi abanobuntu, futhi nathi sicule kanye nabo sithi: “Konke kulungile!” Konke kulungile!

---

### **IMFUNDISO EKULENKULUMO**

Mhlawumbe ungathanda ukuqala ngokucula iculo elithi “Come, Come Ye Saints” (*Hymns*, no. 30) nalabo obavakashelayo. Ungakhuluma ngoswame wakubona ngesikhathi wena noma omaziyo ephila ngokuba nozwelo kwabanye, ngokusebenza, noma ngokuba nethemba lokuhle okuzokwenzeka. Uma uzwa kukhona okukuqhubayo, ungafakaza ngezibusiso ezitholakala ngokuphila ngalendlela futhi ubathembise labo obavakashela ukuthi nabo bangathola ezifanayo izibusiso.

## **INTSHA**

### **Ukugcina Okubhaliweyo**

**U**Mongameli u-Uchtdorf uqhathanisa izikhathi zethu nalezo zabacabi. Noma ungakaze nqamule amathafa, uyafana nawe nabacabi! Nawe ungalukhombisa uzwelo kwabanye, ungasebenza kanzima, ungaba nethemba lokuhle okuzokwenzeka. Njengoba sazi indlela

labacabi ababephila ngayo ngenxa yalokho okubhaliweyo abakugcina, nolwakho uzalo lungazi ngawe ngokulotshiwewo encwadini yakho yezigigaba zosuku.

Ake uthathe isikhashana ubhale okuthile ngawe encwadini yakho yezigigaba zosuku. Ungabhala ngezinto eziphathelene nomoya, njengokuthi wabuthola kanjani ubufakazi bakho noma wazinqoba kanjani izinkinga ngosizo lukaBaba oseZulwini. Ungasiza nabazukulwana bakho (okungenzeka ngelinye ilanga bayifunde incwadi yakho yezigigaba zosuku!) ukuze bazi ukuthi impilo yakho yayinjani. Yimiphi imisebenzi owawuyenza esikoleni? Linjani ikamelo lakho? Yikuphi okuthandayo okukhumbulayo ngomndeni wakho?

Uma ulokhu ubhala njalo, kuzoqala kukucacele ukuthi uBaba oseZulwini ukusiza kanjani empilweni yakho nsuku zonke, njengoba ayehola abacabi, futhi uzophinde ushiyele uzalo lwakho ifa.

## ABANTWANA

### Ukulandela Isibonelo Sabacabi

**U**Mongameli u-Uchtdorf ukhuluma ngezindlela ezimbilwa abacabi ababekhombisa ngazo ukuthanda uBaba oseZulwini. Ungasilandela isibonelo sabo. Nakhu ongahle ukwenze:

#### UKUBA NOBUBELE

- Bhalela othile amazwi amnene noma uphe othile odabukile ukudla okumnandi.
- Siza ofunda naye ngomsebenzi wakhe wesikole.

#### UMSEBENZI

- Zibekele injongo ofuna ukuyifeza. Yenza okuthile zonke izinsuku kulenyanga okuzokusiza ufeze injongo yakho.
- Siza abazali bakho ngesikhathi belungisa isidlo sasebusuku.

#### UKUBA NETHEMBA LOKUHLE OKUZOKWENZEKA.

- Bhala izinto eziyishumi ojabule ngazo empilweni yakho.
- Mamatheka kubo bonke abantu ohlangana nabo.



# IsiMilo sikaJesu Kristu: UngoXolelayo futhi nonoMusa

*Funda lesi sifundo unomkhuleko enhliziyweni ngenhloso yokuthola ukuthi yini ongakhuluma ngayo kulabo obafundisayo. Lungakhula kanjani ukhohlo lwakho kuMsindisi ngenxa yokwazi kahle ngempilo nange ndima Yakhe bese kuthi ngenxa yalokho kubusiseke labo obabheke ngokubafundisa ngokubavakashela na? Ukuze uthole olunye ulwazi, vakashela ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).*

Ukhohlo • Umndeni • Insizakalo

*Lena yingxenywe yochungechunge lweziFundo zokuFundiswa ngokuVakashelana eziphathelene nesimilo sikaMsindisi.*

Ukwazi ukuthi uJesu Kristu usixolele futhi wasenzela umusa kungasisiza ukuthi nathi sibe noxolo futhi sibenzele umusa nabanye. “UJesu Kristu uyisiBonelo sethu,” kwasho uMongameli uThomas S. Monson. “Impilo Yakhe yasishiyela isifundo sothando. Abagulayo Wabaphilisa, abacindezekileyo Wabaphakamisa; umoni Wamsindisa. Ekugcineni isixuku esasigcwele ulaka sayithatha impilo Yakhe. Noma kunjalo kwezwakala lamazwi entabeni yaseGolgotha: ‘Baba, bathethelele; ngokuba abakwazi abakwenzayo’—okuyiyona nkulumo enkulu kulomhlaba yozwelo nothando.<sup>1</sup>

Uma sibaxolela abanye ngeziphambeko zabo, uBaba wethu oseZulwini nathi uzosixolela. UJesu usinxusa uthi “Yibani nesihawu, nje ngokuba uYihlo enesihawu” (Luka 6:36). “Ukuxolelwa nge zono zethu kunemibandela,” kwasho uMongameli uDieter F. Uchtdorf, uMeluleki wesiBili kubuMongameli bokuQala. “Kufanele siphenduke. . . . Asikaze

yini ngelinye ilanga sisondele ngokuzithoba esihlalweni somusa sizonzusa sifuna umusa na? Asikaze yini sifise ngezinhliziyiyo zethu zonke ukuthi sifumane umusa—ukuthi sixolelwe ngamaphutha esiwenzile nangezono esizenzileyo na? . . . Vumela iNhlawulo kaKristu iyigugule futhi iyelaphe inhliziyiyo yakho. Thandanani. Xolelanani.”<sup>2</sup>

## **Eminye imiBhalo eNgcwele eyeNgeziwe**

Math. 6:14–15; Luka 6:36–37; Alima 34:14–16

## **Okuvela emiBhalweni eNgcwele**

“Kufanele sixole ngisho njengoba nathi sixolelwa,” kwasho iGosa uJeffrey R. Holland woMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi naMbili.<sup>3</sup> Indaba yendodana yolahleko isikhombisa izinhlangothi ezimbili zoxolo: kukhona indodana exolelwayo kuthi enye izabalaze ukuxolela omunye.

Indodana encane yathatha ifa layo, yalidla lonke laphela masinya, kwathi uma sekunendlala ezweni, yasebenza ipha izingulube ukudla. Imibhalo engcwele ithi “Kuthe sekusile kuyo,” yabuyela ekhaya

yafike yathi kuyise ayisafanele ukubizwa ngendodana yakhe. Kodwa uyise wayixolela wabulala izinyane elikhuluphele ukuze kwenziwe idili. Indodana endala kwathi uma ibuya ukuyosebenza emasimini yacasuka. Yamkhumbuza uyise ukuthi yayisisebenze iminyaka eminingi, ingakaze iphambuke emiyalelweni, kodwa “mina awuzange ungiphe nazi nyane lembuzi ukuba ngijabule nabahlobo bami.” Uyise wayiphendula wathi, “Mntanami, wena uhlala nami njalo, konke okwami kungokwakho. Kepha simelwe ukujabula, sithokoze, ngokuba umfowenu lo wayefile, wabuye waphila; wayelahlekile, sewatholakala.” (bheka ku Luka 15:11–32).

## **OKUFANELE KUKHUNJULWE**

1. “Love, the Essence of the Gospel,” nguThomas S. Monson, *Liyahona*, Meyi 2014, 91.
2. “The Merciful Obtain Mercy,” nguDieter F. Uchtdorf, *Liyahona* Meyi 2012, 70, 75, 77;
3. “The Peaceable Things of the Kingdom,” nguJeffrey R. Holland, *Ensign*, Nov. 1996, 83.

## **Ake Ucabange Ngalokhu**

Ukuxolela kungamsiza kanjani lowo oxolelayo na?